SASTRI COLLEGE

ISIKHUNGO SEZILIMI

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE - 2020

ITHASKHI YESINE

UMHLELI : N.E. BHENGU **ISIKHATHI: IHORA ELILODWA**

UMCUBUNGULI: N. ZONDI **IMIKLOMELO: 50**

IMIYALELO KUBAFUNDI

1. Leli phepha lineziqephu ezi-3
   - ISIQEPHU A =**Isifundo sokuqondisisa** **(20)**
   - ISIQEPHU B =**Ukufingqa** **(10)**
   - ISIQEPHU C =**Uhlelo lolimi nokusetshenziswa kwalo** **(20)**
2. Linamakhasi ayi**siHLANU**
3. Phendula yonke imibuzo.
4. **Qala isiqephu** ngasinye ekhasini laso sodwa
5. Sebenzisa izinombolo **njengoba zibhaliwe.**
6. Qikelela upelomagama
7. Phendula **ngolimi ohlolwa ngalo.**
8. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa le ndatshana engezansi, bese uphendula imibuzo ezolandela.

I-Clinical Virologist isiyiNhloko yomNyango

Ibhalwe ngu: Lihle Sosibo

INhloko entsha yeViroloji e-School of Laboratory Medicine eNyuvesi yaKwaZulu-Natali, uDkt. Nokukhanya Msomi izimisele ukubeka umNyango esicongweni kulesi sikhundla sakhe esisha.

"Nginenhlanhla yokusebenza emnyangweni onesisekelo esihle esabekwa yizinhloko ezindala. Ithimba lama-virologists engisebenza nalo nalo lenza umsebenzi wami ube lula njengoba sinombono ofanayo," kusho uDkt. Msomi, omnyango wakhe useNkosi Albert Luthuli Central Hospital.

Umkhakha wezokwelashwa kwamagciwane, iViroloji, uhlose ukuwubeka esicongweni uma kuza ezindabeni zocwaningo olungungqaphambili bese enza nemisebenzi yomkhakha ibonakale njengoba kuwumkhakha owenza umsebenzi ongagqamile nongaqondwa wumphakathi.

Ukholwa wukuthi lokhu kuzokwenzeka ngokuqinisa izindlela zokusebenzisana kuleli zwe naphesheya kwezilwandle.
UDkt. Msomi unolwazi olunzulu nokuqeqeshwa ekuphatheni kanti ucwaningo lwakhe seluke lwashicilelwa emabhukwini ezesayensi lapho ebuyekezwa khona ngabalingani bakhe. Ucwaningo lwakhe nge-Viral Hepatitis luhlose ukuphucula indlela yesayensi yokuhlola amagciwane ngokuthi igxile ezindleleni zokwenza izinto ezigxile ezigulini zalapha ekhaya.

Iziqu zakhe zobudokotela i-MBChb wazenza eNyuvesi yaseNatali ngonyaka wezi-1998, wase engena ohlelweni lokuba yi-registrar e-UKZN ngowezi2009 ngemuva kokuba nendawo kadokotela. Unediploma ekulawulweni kwesandulelangculazi, i-Fellowship in Pathology neM-Med in Virology.

UDkt Msomi uqedela iziqu zePhD ekushintsashintsheni kwegciwane i-Hepatitis B nezinhlobo zalo. Wake wathola umfundaze i-Welcome Trust ukuthi ayokwazi ukufundela i-viral genomics e-Sanger Institute e-Cambridge, e-UK. Ngaphezu kwalokho, useke waba yilungu le-National Certification Committee egunyazwe yi-WHO, eyayisungulwe wuNgqongqoshe wezempilo ukuthi icebise futhi ibe sekhaleni lomkhankaso wokuqeda uvendle.

Ungumuntu okhuthele, onomdlandla nothanda abantu, kanti ungumfundisi, umcwaningi nongoti wezokwelapha ovelele. Uthanda ukucathulisa abantu kanti uthanda nokugibela amabhayisikili nokuqwala izintaba. UDkt. Msomi uthi kuyakhuthaza ukubona izikhungo zemfundo ephakeme eziningi zinika abantu besifazane izikhundla ezinkulu. "Abantu besifazane bahola amakhaya nemiphakathi okubenza babe ngabaholi bokuzalwa."

Imibuzo

1.1.1	Ngubani umbhali wale ndaba?	(1)
1.1.2	Ngubani lo okukhulunywa ngaye kulesi siqephu? Bhala igama nesibongo	(2)
1.1.3	Wenza msebenzi muni lo okukhulunywa ngaye kule ndaba?	(1)
1.1.4	Caphuna igama elichaza ukuthi 'phezulu 'kulesi siqephu.	(1)
1.1.5	Yisiphi isikhundla esisha aqokelwe ukusiphatha lo okukhulunywa ngaye ?	(1)
1.1.6	Iziqu zakhe uzenze ngamuphi unyaka? Bhala unyaka ngesizulu.	(2)
1.1.7	Yini le asaqhubeka nokuyifundela?	(1)
1.1.8	I-akronimi u-WHO' imele ukuthi (Withheld Organisation; White Heads Organisation; World Humane Organization; World Health Organization). Khetha impendulo efanele kulezi.	(1)
1.1.9	Ngokolwazi olufundile kulesi siqephu yini iviroloji?	(2)
1.1.10	Bhala izinto ezimbili uDkt . Msomi akhonze ukuzenza .	(2)
1.1.12	Into enjani engungqaphambili ngokolwazi lwakho?	(2)
1.1.13	Bhala okushiwo nguDkt. Msomi ngabantu besifazane.	(3)
1.1.14	Bhala igama Dkt. ngokugcwele.	(1)
		[20]

Ukufingqa

UMBUZO 2

2.1 Funda lesi siqephu bese usifingqa ngamagama akho. Bhala amaphuzu amahlanu. Bhala izinombolo 1-5.

Imibono Ngokuthengelwa Kwabafundi Omakhalekhukhwini

Kunobuhle nobubi ukuthengela ingane umakhalekhukhwini isafunda okwenza kube lukhuni ukuthatha isinqumo. Ingane iyakwazi ukuxhumana ngawo nomzali uma isenkingeni noma umzali efuna ukudlulisa okuphuthumayo. Emabangeni aphezulu ingakwazi ukuwusebenzisa ukufaka izicelo zezikhala zokufunda iphinde iphendulwe ngawo. Ubugebengu obuningi buqhutshwa ngawo, okungangokuthi abanye bantshontshwa ngenxa yawo. Uyakwazi ukukudonsela izigebengu uzithole usulimala ngoba befuna wona. Ziphinde zihlebane kuwo okungazibangela izitha ezingenasidingo. Zingane qaphelani. Asiwugcine umakhalekhukhwini uwusizo.

[10]

Uhlelo Lolimi Nokusetshenziswa kwalo

UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMNYANGO WOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

ISIMEMO SABANTU ABASHA

UNgqongqoshe woMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi kaZwelonke umema abantu abasha ukuba baphelele ngothi lwabo emcimbini wokuthuthukiswa ngokwamakhono ahlukahlukene.

INDAWO : Qalakahle Soccer Stadium
USUKU : 21 March 2020
ISIKHATHI: 09h00

Amaqembu omculo adumile azobe eshiyelana inkundla

3.1 Kungani amagama ' Isimemo Sabantu Abasha''ebhalwe ngosonhlamvukazi? (2)

3.2 Ngubani okhiphe lesi simemo? (2)

3.3 Sibhekiswe kobani lesi simemo? Sekela impendulo yakho. (2)

3.4 Uqonde ukuthini ngokushiyelana inkundla umbhali walesi simemo? (2)

3.5 Sebenzisa igama ABASHA emshweni ozakhele wona liveze umqondo ohlukile kunalo oqondwe kulesi sikhangisi. (2)

[10]

UMBUZO 4

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ngikhule sihlala kahle naye ekhaya eMlazi. Ubengenzela yonke into, ngifundiswe wuyena esikoleni ngaze ngafika ebangeni lesi-9. Ubengihambisa esikoleni aphinde angilande ngendlela abengithanda ngayo. Usengiqashe njengomphathi esikoleni esikhulu esisenkabeni yedolobha iTheku. Lokhu kungifundise ukuthi impatho enhle ayiqhamuki kumzali okuzalayo kuphela.

4.1 Tomula ubhale amagama ayisandiso kulesi siqephu. (2)

4.2 Yisho ukuthi la mabizo anhloboni:

(a) Umphathi. (1)

(b) Impatho. (1)

(c) ITheku (1)

4.3 Khombisa umenzi nomenziwa kulo musho:

Ingane ihanjiswa ubaba esikoleni. (2)

4.4 Bhala ibizo UMZALI likhombise ubuningi. (1)

4.5 Gcwalisa leli thebuli ngokufanele: (2)

IBIZO	ISINCIPHISO	ISIKHULISO
4.5 Isikole	4.5.1----------	4.5.2----------

[10]

AMAMAKI ESEWONKE : 50